IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

17/2015 Intshumayelo ngesonto elithiwa Okuli, ngomhla ka 08. 03. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe Luka 9:62, lithi: **"Akakho othi esebeké isandla sakhe egejeni, abuke emva, ofanele umbso kaNkulunkulu."**

1. Iculo 192/184

2. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Kristu, siyakubonga, ngokuba uyasimema nathi ukuba sikulandele. Sisize, Nkosi, ngoMoya wakho oNgcwele ukuba siphumelele ukukulandela ngokufanele, sidele konke okomhlaba, silandele wena oyiNkosi yamakhosi onke. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe ku-1 amaKh. 19:1-13a;

   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku1 Petru 1:13-21;

   Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe ku-Marku 12:41-44.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 144/130

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 9:57-62, lithi: "Kwathi behamba endleleni, umuntu othile wathi kuye: Ngizakukulandela, noma uya ngaphi. UJesu wayesethi kuye: Izimpungushe zinemigodi, nezinyoni zezulu zinezidleke, kepha iNdodana yomuntu kayinandawo, lapho ingacamelisa khona ikhanda. Wayesethi komunye: Ngilandele. Wathi yena: Ngivumele ngiye kuqala ukuyakummbela ubaba. Kepha wathi kuye: Yeka abafileyo bembele abafileyo babo, kodwa hamba wena, ushumayele umbuso kaNkulunkulu. Nomunye-ke wathi: Ngizakukulandela, Nkosi; kepha ngivumele ngiye kuqala ukuyovalelisa abasekhaya. Kodwa uJesu wathi kuye: Akakho othi esebeké isandla sakhe egejeni, abuke emuva, ofanele umbuso kaNkulunkulu." Amen.

8. Intshumayelo: Bandla elithandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, wozani simhubele uJehova sihlabelele ngenjabulo kulo idwala lensindiso yethu! Ngokuba uJehova unguNkulunkulu

omkhulu, uyiNkosi enkulu phezu kwawonkulunkulu bonke. Yebo, inhloso yezwi leNkosi ukuba size kuJesu, sidele konke, simlandele yena oyiNkosi yamakhosi onke. Kulelitekisi lanamuhla sizwa kukhulunywa kathathu ngezwi elikhulu lokumlandela uJesu, kanje:

1. Itekisi lethu lithi: Kwathi behamba endleleni umuntu othile wathi kuye: Ngizakukulandela noma uya ngaphi. Lomuntu ukhetha into enhle impela yokulandela uJesu, noma eya ngaphi, kufana noMariya owakhetha ukuhlala ngasezinyaweni zeNkosi, uJesu wambonga wathi: Ukhethile isabelo esihle angayikwaphucwa sona. Futhi nabafundi bakaJesu bakhetha ukumlandela uJesu bashiya imisebenzi yabo nemindeni yabo. Yebo, nathi makholwa, sonke sakhetha ukulandela uJesu, mhla sabhapathizwa, nasemqinisweni, nalapho sivuma ngokusha njalo-njalo inkolo yamaKristu, kodwa itekisi lanamuhla lifuna siqondisise kahle ukuthi sithini, nxa sithi: Siyamlandela uJesu noma eya ngaphi.

UJesu uchazela lomuntu ngamazwi athi: Izimpungushe zinemigodi, nezinyoni zezulu zinezidleke, kepha iNdodana yomuntu kayinandawo lapho ingacamelisa khona ikhanda. Ngalawamazwi uJesu uchaza ukuphila kwakhe esesimeni sokuzithoba, uthi: Ingcono impilo yezilwane zasendle kuneyakhe, ubala izimpungushe nezinyoni zezulu, uthi: Ngoba zona zinayo indawo yokulala, kodwa yena akanayo indawo neyokucamelisa ikhanda. Yebo sizokhumbula ukuzalwa kwakhe, waswela indawo endlini yezihambi, waze wazalelwa emkhombeni. Ngelinye ilanga waswela ukudla waze wasondela emkhiwaneni wasendle, waswela amanzi nokunye okunjalo. Kanti nangezikhathi zonke uyayiswela indawo ezinhliziyweni zabantu abaningi. Ubumpofu obungaka umuntu ngokwakhe ngaphandle kokusizwa nguMoya oNgcwele angephumelele ukubuthwala, yingakho sifanele sivume njalo thina balandeli bakaJesu, sithi: Ngiyakholwa ukuthi ngingekholwe ngingefike kuJesu Kristu iNkosi yami noMsindisi wami ngamandla ami nangokuqonda kwami, kodwa uMoya oNgcwele ungibizile.

Lomuntu owayecela ukulandela uJesu noma eya ngaphi, nxa sifunda kuMathewu sizwa ukuthi wayengumbhali. Ababhali siyazi ukuthi kwakuyiqembu elalimhlupha njalo uJesu ngokuzenzisa nje. Ngakho singathi: Kwakungabantu abamelana njalo nezwi likaJesu levangeli, noMoya wakhe oNgcwele owawubizela abantu ekulandeleni uJesu. Babengalindele uMesiya oyoba sesimeni sokuthotshiswa, babelindele uMesiya oyoza enobukhosi nenkazimulo yomhlaba, abenze nabo babuse bakhazimule emhlabeni kwezinye izizwe. Onomqondo onje uyokwehluleka ukumlandela uJesu, ngoba uthi: Uma umuntu ethanda ukuza emva kwami makazidele athabathe isiphambano sakhe imihla ngemihla angilandele. UPawulu weluleka amaKristu ngokuthi: Mawube kini lowomqondo owawukhona nakuKristu Jesu owathi enesimo sikaNkulunkulu akaze

asho ukuthi kuyinto yokuphangwa ukulingana noNkulunkulu, kepha wazidela. Ngokuzithoba nangokuba mpofu kwakhe uJesu wayenenhloso yokuba sicebe thina, njengezwi elithi: Ngokuba niyawazi umusa weNkosi yethu uJesu Kristu ukuthi, nakuba ecebile, waba mpofu ngenxa yenu, ukuze ngobumpofu bakhe nicebe nina.

2. Indaba yesibili yetekisi lethu isemavesini 59-60 lapho uJesu ethi komunye: Ngilandele! Lelizwi uJesu wake wabiza ngalo abafundi ababedoba izinhlanzi, noMathewu. Yebo, yilo izwi uBaba osezulwini asibiza ngalo thina sonke, ngokuba akakho ongeza kimi, uma uBaba ongithumileyo engamdonsi, mina-ke ngiyomvusa ngomuhla wokuphela. Ngumusa nothando olumangalisayo, nxa thina zoni sibizwa, sibizelwa ensindisweni ekuJesu Kristu, ngempela kufanele singalibali ukuza kuMsindisi wethu, kodwa lomfowethu esifunda ngaye lapha waphendula ngokuthi: Ngivumele kuqala ukuyombela ubaba. Asazi noma uyise wayesefile ngalesosikhathi na? Noma wayesagula esezokufa, noma wayesho nje esaphila, ethanda ukumtshela uJesu ukuthi ngabe ngiyakukulandela, into nje, ngisenomsebenzi emndenini wakithi, wokumbela ubaba, uma eshona. UJesu akadeleli lapha umyalelo wesine, kodwa ufuna ukukhomba ubukhulu bevangeli phezu komthetho, ubukhulu bensindiso phezu kwakho konke okunye, uthi: Yeka abafileyo bembele abafileyo babo. Lamazwi asebuningini. Abafileyo bembele abafileyo babo. Kusobala ukuthi izidumbu zingengcwabane, ngoba zifile. Kusobala ukuthi lawamazwi asho abangakholwayo abangenaJesu, abangenansindiso, labo bafile. UJesu uthi kulomfundi, yeka abangakholwayo bembelane bodwa, kodwa wena nanko umsebenzi: Hamba wena, ushumayele umbuso kaNkulunkulu!

Umsebenzi omkhulu wabalandela uJesu ababizelwa kuwo ukushumayela umbuso kaNkulunkulu, ivangeli lingamandla kaNkulunkulu kube insindiso kulowo nalowo okholwayo, uJesu ungukuvuka nokuphila, okholwa nguye noma efa wophila. Negazi likaJesu iNdodana kaNkulunkulu liyasihlambulula ezonweni zonke. Nanso-ke indaba ebekwa kithina sonke ukuba simemezele umbuso kaNkulunkulu ofike ngoJesu Kristu, siwukhulekele lomsebenzi, siwukhiphele neminikelo yethu ukuba uqhubeke, sithume nezinsizwa zethu ekholishi ukuba ziyofundela lomsebenzi. Ukuvuna kukhulu, kodwa izisebenzi ziyingcosana. Yingakho uJesu ethi kithi sonke namuhla: Ngilandeleni! Kungenxa yomusa wakhe sibizwa, kungumusa wakhe siphiwa ukuba sishumayele lombuso kaNkulunkulu. Masingalibali ukuza njengensizwa leya. Wozani bobaba, bomama, nani zinsizwa, nezintombi, nani bomkhulu, nawogogo, nani, zinswana, zanini, lingakashoni ilanga, sabelani nisabizwa!

3. Ngokwesithathu sizwa emavesini 61-62 ukuthi: Nomunye-ke wathi: Ngizakulandela, Nkosi; kepha ngivumele ngiye kuqala ukuyovalelisa abasekhaya. Nalona naye akenqabi ukumlandela uJesu, nokho usenesicelo kuJesu, sokuba amvumele ukuyovalelisa abasekhaya. Asazi ukuthi wayefuna ukuvalelisa ngendlela enjani, kumbe singathola isibonelo eTestamenteni elidala ku 1 amaKhosi 19:19-21. Impendulo kaJesu imelene nabo bonke abalahla ithuba lokuphenduka ngenxa yezizathu zabo, nabo bonke abahlubukayo ekukholweni ngenxa yezinto zomhlaba, nabo bonke abashiya umsebenzi weNkosi ngenxa yezizathu zabo, uthi: Akakho othi esebeké isandla egejeni, abuke emuva, ofanele umbuso kaNkulunkulu. Lelizwi lifana naleli elithi: Ayikho neyodwa yalawomadoda abemenyiwe ayakulizwa idili lami.

Ukwehlukana noJesu umzuzwana, noma izinyangana, noma iminyakana ethile kuyinto eyesabeka kabi, neyingozi embi kabi, ngoba nalo lona lelothuba uSathane usebenza ngamandla onke ukuba lomuntu ambophele embusweni wakhe wobumnyama angabe esaphunyuka kuwo. Kanjalo-ke alahlekelwe umbuso womusa awulungiselwe nguJesu Kristu ngokuhlushwa nangokufa kwakhe okunzima esiwemukeliswa ngezwi levangeli nangamasakramente angcwele. Yingakho sikhuleka njalo, nxa sizosondela esidlweni seNkosi sithi: Nkosi Jesu Kristu, emanxetsheni akho ngiyacasha; ungavumi ukuba ngahlukaniswe nawe; ngikhulule kuso isitha esibi; ngilondoloze ekukholweni okuqinisile ukuba ngikudumise, ngikubabaze nabakhethiweyo bonke lapha nasezulwini. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Kristu, sizwise njalo ubumnandi bokuhlala nawe embusweni wakho womusa, kuze kuthi ngasemuva usamukele embusweni wakho wenkazimulo ngomusa wakho omkhulu, ngothando lwakho olwabonakaliswa ngokuzalwa, nangokuhlushwa, nangokufa, nangokuvuka kwakho, Msindisi othandekayo. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 211/333

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1987 ngu-J. B. Mathebula, yathunywa nango-2003, nango-2009..

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.